IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

342015 Intshumayelo ngesonto 2 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 14. 06. 2015.

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela leliviki, lilotshiwe ku-Math. 11:28, lithi: **"Zanini nonke enikhatheleyo nenisindwayo, mina ngizakuniphumuza!"**

1. Iculo 139/122

2. **Umkhuleko:** Nkosi, singcwelise ngeqiniso lakho; izwi lakho liyiqiniso. Amen

3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe ku-Isaya 55:1-5;

   Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabase-Efesu 2:17-22

   Ivangeli ngohlelo lwesithathu lilotshiwe ku-Mathewu 22:1-14.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 142/125

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuLuka 14:15-24, lithi: "Esezwile lokho omunye wababehlezi naye ekudleni, wathi kuye: Ubusisiswe lowo oyakudla isinkwa embusweni kaNkulunkulu. Kepha wathi kuye: Umuntu othile wenza idili elikhulu, wamema abaningi. Ngesikhathi sedili wathuma inceku yakhe ukuba isho kwabamenyiweyo ukuthi: Zanini, ngokuba sekulungisiwe konke. Kepha bonke baqala ukuzilandulela ngazwi linye; owokuqala wathi kuye: Ngithengile insimu, kuswelekile ukuba ngiye ngiyibone; ngiyakuncenga, mawungilandulele. Omunye wathi: Ngithengile izinkabi eziyishumi, sengiya ukuzilinga; ngiyakuncenga, mawungilandulele. Omunye wathi: Ngithathile umfazi, ngalokho ngingeze. Isibuyile inceku yabika lokho enkosini yayo. Khona umninindlu wathukuthela, wathi encekwini yakhe: Khawuleza, uye emigwaqweni nasemingcingweni yomuzi, ungenise lapha abampofu, nezilima, nezimpumputhe, nezinyonga. Yathi inceku: Nkosi, sekwenziwe ngokuyala kwakho; kepha isekhona indawo. Yathi inkosi encekwini: Phuma uye ezindleleni nasezintangweni, ubacindezele

bangene ukuba igcwale indlu yami. Ngokuba ngithi kini: Ayikho neyodwa yalawomadoda abemenyiwe eyakulizwa idili lami." Amen.

8. Intshumayelo: Bandla leNkosi, uNkulunkulu uBaba wethu othandekayo osezulwini uyasimema ekudleni, uyasimema emshadweni. Siyezwa isimemo sakhe somusa na? Sisamukela isimemo sakhe na? Sinokuthula ukuzwa isimemo sakhe na? Sinokwenama enhliziyweni ukuba sizwe ukumema kwakhe na? Noma si"busy", sijahha, sigijima, sihahela izinto zalomhlaba kakhulu kangaka ukuba singabe sisenaso isikhathi sokwamukela isimemo lesi esihle seNkosi na? Mukhulu umusa wakhe. Kanti likhulu icala labadelelayo isimemo. Umuntu othile wenza idili elikhulu, wamema abaningi. Ngesikhathi sedili wathuma inceku yakhe ukuba isho kwabamenyiweyo ukuthi: Zanini, ngokuba sekulungisiwe konke. Kepha bonke baqala ukuzilandulela ngazwi linye; owokuqala wathi kuye: Ngithengile insimu, kuswelekile ukuba ngiye ngiyibone; ngiyakuncenga, mawungilandulele. Omunye wathi: Ngithengile izinkabi eziyishumi, sengiya ukuzilinga; ngiyakuncenga, mawungilandulele. Omunye wathi: Ngithathile umfazi, ngalokho ngingeze.

Niyabona labo abathathu kabamzondi uNkulunkulu, cha, into nje, banakekela izindaba zabo nje kunaye, izindaba zasekhaya, izindaba zemihla ngemihla zomuzi: insimu, izinkomo, umshado nokuthi nokuthi. Angithi, yilowo nalowo uyaqonda ukuthi kuyizimfanelo lezi. Nokho bayamdelela uNkulunkulu wethu ngazo. Ngiyamkhumbula umuntu owabanjwa yindaba yezinkomo enduneni yakhe ngesonto ekuseni njalo ukuba wajwayela ukungasonti, waze wayeka ukuya edilini. Ngiyamkhumbula enye indoda owabanjwa yindaba yamatamatisi kakhulu kangaka waze wamkhohlwa uMdali wakhe, noMdali wamatamatisi akhe. Ngiyamkhumbula omunye umuntu owabanjwa yindaba yethekisi lakhe, imoto eqashwayo ukuba igijime "up and down" ngesonto ekuseni ukuhambisa abantu abaya esontweni, kepha yena uqobo, qha, xolo, Mfundisi, ngi"busy" ukwenza imali. Uqalile ukulala emotweni yakhe manje, uyekile ukulala ekhaya. Umkakhe uqala ukuphonsa amehlo, abantwana bakhe kabasamboni kahle uyise, lo"Taxidriver".

Ngiyamkhumbula enye indoda othumela izingane zakhe ezithanda ukuya eSunday School, othumela izingane zakhe lezi ukulanda ibhokisi elithi qushu-qushu, ikhasi yetiye elivovayo ngesonto ekuseni; ama"kwarts" ayishumi nambili azogcwalisa isonto lakhe nekhanda lakhe elimpofu. Inhliziyo yakhe nomphefumulo wakhe - lutho! Ngiyamkhumbula omunye owesilisa ohlulekile ukukhetha phakathi kwamantombazane, ngakho-ke ulala nabo bonke. Ngizokuza, Mfundisi, ngizofika. Ngiyamkhumbula omunye owaqala indaba yesithembu. Manje-ke uyadonswa lapha nalapha phakathi kwemizi yakhe. Kanti bonke abantwana bakhe bakhula

ngaphandle kothando lwakhe. Bayezwa ukuxabana kuphela, bonke bahlushwa ngomona nokuzithanda. Lomuntu owafunisisa uthando wafumana inzondo nolaka. Ngifanele ukukhuluma nawe, Mfundisi, ngelinye ilanga ngizofika, sixoxe. Ngikhumbula ibandla lonke elibizwa emhlanganweni wamapolitiki ngesonto ekuseni, nangempela likhetha lomhlangano kunesimemo seNkosi: Zanini, ngokuba sekulungisiwe konke. Kepha bonke baqala ukuzilandulela ngazwi linye.

Bakithi, senzani ngesimemo seNkosi na? Wena nami sizilandulela kanjani na? Kanti thina sonke sinaso isikhathi kukho esikuthandayo. Yini okuyinhloko ekuphileni kwami na? Hayi, namhlanje, Nkosi, ngi"busy" kakhulu, ngeviki elizayo, ngenyanga ezayo, ngomnyaka ozayo, mhlawumbe emva kwestroke lokuqala, ngesikhathi sokuguga kwami. Manje-ke, namuhla-nje ngiyakuncenga, mawungilandulele. Nginjalo, ngingumuntu, ngikhumbula isimemo lesi esihle seNkosi ngesikhathi sokuhlupheka kwami, mhla ngisemanzini, ngosuku lobuthakathaka, ngikhumbula konke lokhu ebusuku bovalo, bokugula, bobuhlungu. Ngifuna ukuphila impilo yami, "and" ekugcineni ngiyaphonsa amathambo ami amadala agulayo ezinyaweni zoMdali wami, deé.

Isibuyile inceku yabika lokho enkosini yayo. Khona umninindlu wathukuthela, wathi encekwini yakhe: Khawuleza, uye emigwaqweni ngasemingcingweni yomuzi, ungenise lapha abampofu, nezilima, nezimpumputhe, nezinyonga. UNkulunkulu akaphoqi muntu, uyamema kanye, kabili mhlawumbe, usilindela ngokubekezela ukuba sifike. Emva kwalokhu kodwa, udlula emzini wami, uya kumakhelwane wami ompofu, owayengathembanga ukumenywa ngenxa yesimiso sakhe. Idili lakhe lizoqhubeka nokho, nangaphandle kwethu, umshado wakhe uzophathwa noma kanjani, nangaphandle kwakho nangaphandle kwami. Uma ngingafuni, kuzovela omunye. Uma ngingasweli usizo, kuzosizwa omunye. Uma ngisuthile, kuzomenywa omunye obonga lolusizo. Zanini, ngokuba sekulungisiwe konke. Maye kimina, kodwa!

Yathi inceku: Nkosi, sekwenziwe ngokuyala kwakho; kepha isekhona indawo. Yathi inkosi encekwini: Phuma uye ezindleleni nasezintangweni, ubacindezele bangene **ukuba igcwale indlu yami.** Ngokuba ngithi kini: Ayikho neyodwa yalawomadoda abemenyiwe eyakulizwa idili lami. Sizokuthini uma umuntu womngwagqo efuna ukuguqa phansi lapha eceleni kwethu na? Noma isidakwa, noma isifebe, noma inyoni yetilongo, noma omunye wama- "streetchildren". Nkosi, sekwenziwe ngokuyala kwakho; kepha isekhona indawo. Kepha isekhona indawo, leligama lisiqhubekisa, lisivusa, lisiphilisa ukuba sibameme abasekude, sibameme abazolahlwa, sibameme abangenalo ithemba, sibameme abangenayo induduzo: Zanini, ngokuba sekulungisiwe konke.

INkosi uJesu Kristu usimema esithebeni sakhe esingcwele ukuba sidle siphuze impilo, ukwenama kanembeza, ukuthethelelwa kwezono nokuqiniswa kokukholwa kwethu, sidle siphuze inhlanhla yaphakade: insindiso yemiphefumulo yethu. Isimemo sakhe siyisipho. Siguqa phansi lapha ukwamukela amandla amasha okulwa ukulwa okuhle kokukholwa size sifinyele emgomeni wokukholwa kwethu lé kwelizayo emshadweni wokugcina, lapho sizobuthana khona kanye nabangcwele bonke, nezingelosi zonke ukugubha umkhosi wezulu ngentokozo engapheliyo. Ubusisiwe lowo oyakudla isinkwa embusweni kaNkulunkulu. UNkulunkulu makasisize kulokhu ngomusa wakhe. Amen.

9. Umkhuleko: Nkulunkulu womusa, Baba othandekayo, ngokuzithoba siyakhazimulisa ukuhlakanipha kwezindlela zakho, siyazinikela ngethemba lobuntwana kuwe ukuba usihole njengoBaba. Sesiyacela kuwe, sithi: Mawusihole ngesandla sakho, ngezeluleko zakho, kodwa ekugcineni usamukele enkazimulweni ngaye uJesu Kristu, iNdodana yakho ethandekayo, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 222/177

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2009 ngu-K. G. Tiedemann.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.